HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA (FAL)

IBANGA LESISHAGALOLUNYE (GRD 9)

IPHEPHA LOKUQALA (PAPER 1)

UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2018

ABANGALUNCELANA EBELENI (NONE-MOTHER)

ISIKHATHI: 2MAHR. IMIKLOMELO: 100

IMIGOMO/INSTRUCTIONS:

- Funda LONKE iphepha ungakaqali ukubhala (before you start writing)
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE (neatly)
- MUSA ukuxova imibuzo (mix up)
- funda iphepha uma UQEDA (finish) ukubhala

OKUHLE KODWA!!!!!

ALL THE BEST !!!!!!!!!

## ISIQEPHU A

Funda indaba elandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE (full sentences)

Ngihlala nabazali bami, odadewethu abafowethu ekhaya. Sihlala elokishini (township) laseThembisa eGoli. Igama lami ngiinguZakhona, isibongo uShange. Umfowethu omdala (older) kunami uThela. Udadewethu omdala kunami uThando. UMcebo noNkanyezi bona bancane (younger) kunami. UThela ufundela ukushayela amabhanoyi (pilot) eJohannesburg School of Flying. Uthi uyakuthanda ngoba uzofunda (learn) izinto eziningi uma ehambela (visits) amazwe (countries) amaningi.UThando ufundela ukudansa (dancer) eTshwane University of Technology. Uma eqeda (finishes) uzoqala (start) avakashele (visit) amazwe efunda izinhlobo (types) zomdanso. Uma ebuya (come back) uzovula (open) indawo yakhe yokufundela ukudansa (dance studio). UMcebo noNkanyezi bahanjiswa (taken/driven)) umama esikoleni ngemoto yakhe ebomvu (red car). Mina ngihamba ( driven/taken) nobaba ngoba ngifunda e-Edenvale High School.



Umama usebenza umsebenzi wakhe ekhaya (self-employed). Ulungisa futhi ahlobise imizi yabantu ngaphakathi (Interior Designer). Uhlala athunge (sew) amakhethini,amakhushini,amaduveyi nokunye ekhaya. Abantu bayambiza (invite) umama eze emzini yabo ( their homes) akale (measure) ukuthi kudingeka indwangu (cloth,fabric) engakanani yamakhethini. Umama usizwa umzala wakhe uThembisani uma ethunga (sew) noma eseyowafaka



(hang) amakhethini. Baningi abantu abathungelwa umama amakhethini. Uma kuqala unyaka (beginning of the year) uthungela (sews for) izingane ezihluphekayo (poor)ezingama-50 umfaniswano wesikole (school uniform) aziphe (donate).Ubaba naye usebenza umsebenzi wokuzisebenza (self-employed). Unepulazi (farm) lokutshala imifino (vegetables) ngaphandle (outside) kwedolobha (the city) kancane iGoli



endaweni okuthiwa i-Voslorus. Kukhona abantu abasebenzayo abaholelayo (pays them). Unamaloli amabili amakhulu athwala (carry) imifino ayihambise (deliver) eGoli, eBenoni, e-Heidelburg nasezindaweni eziningi . Njalo ngoLwesihlanu uhambisa imifino ayobapha (donate) e-White House ikhaya lezintandane (Orphanage) e-Voslorus eminye uyihambisa eKuphumuleni ikhaya labadala (Old Age home) eThembisa. NgoKhisimusi wenzela abasebenzi bakhe idili (party) beze nemindeni ( with their families) yabo.

Ubapha nezipho (gives them gifts) namathoyizi ezingane.Ekuseni (in the morning) ubaba uvuka ekhaya aye e-Voslorus abuye (comes back) ntambama (afternoon). Mina ngihamba naye ekuseni angishiye (leaves) esikoleni.





a ngiqeda ukufunda e-Edenvale High School ngifuna ukufundela ukuxuba imithi (Pharmacist). Ngiyawuthanda lo msebenzi ngoba uzongifundisa ( teach me) okuningi (a lot) ngemithi.

Ekhaya siwumndeni othandanayo. Siyathanda ukuba ndawonye (together) ikakhulu ngamaholide nangezimpelasonto (weekends). Njalo ngamaholide kaKhisimuzi sivakashela umkhulu nogogo eMpangeni KwaZulu-Natali.

1.1 Ubani osixoxela (tell) le ndaba? Bhala igama nesibongo. (2)

1.2 Bahlala kuphi oZakhona nomndeni wakhe ? (2)

1.3 Ufundela muphi umsebenzi UThela? Bhala uchaze (explain) ukuthi

uthi yini ayithandayo (what he likes) ngokushayela amabhanoyi ngephuzu **ELILODWA (one point).** (2)

1.4 UThando yini azoyenza (do) ngaphambi (before) avule (open) isikole sakhe somdanso (dance studio) (2)

1.5 Umama kaZakhona wenza muphi umsebenzi? Bhala izinto EZIMBILI azithungayo. (3)

1.6 Bahamba ngani oMcebo noNkanyezi uma beya esikoleni ? (2)

1.7 Uhamba nini uZakhona uma eya esikoleni? (2)

1.8 Umama kaZakhona yini ayithungayo? Bala **OKUBILI** (2)

1.9 Abantu bambizelani umama emzini yabo ? (2)

1.10 Bangakanani abantu abathungelwa umama kaZakhona amakhethini(2)

1.11 Ubaba kaZakhona akazinaki (does not take care) izisebenzi zakhe? Vuma noma uphike bese usekela (support) impendulo yakho (your answer) ngaphuzu (points) **AMABILI.** (3)

1.12 Bangaki abantu abasebenzela ubaba kaZakhona ? Bhala impendulo ngesiZulu. (2)

[25]

1.13 Gcwalisa (fill in) izikhala ngamagama afanele (suitable).

1.13.1 Ubaba kaZakhona unepulazi endaweni (place) ....... (name of place)

1.13.2 UThando ufunda e.............

1.13.3 UThela uthanda ukufundela..............

1.13.4 Imoto kamama kaZakhona inombala ........

1.13.5 Umndeni kaZakhona uthanda ukuba ndawonye...... (choose one time) (10)

2. Buka isithombe pictures) esilandelayo bese ugcwalisa ( fill in )ngeziqu (stems) ezifanele kanye nezivumelwano (adjectival concords)
Isibonelo: (a) Kukhona utshani – ningi lapho kudlala khona izingane.
(b) Kukhona utshani <u>obu*ningi*</u> lapho kudlala khona izingane.

- fushane, - ningi,- bili, - ncane, - dala



2.1 Izimoto ....zishayisene emgwaqweni (on the road) kwalimala abantu.
2.2 Ugogo.....ubehamba eduze (next) komgwaqo ushayisekile.
2.3 Bayithwele (carry) ingane....nge-stretcher bayifaka ku-ambulance.
2.4 Esikhwameni (bag) sikagogo .....kuphume izinto zakhe.....
2.5 Umfana......ulele eduze komgwaqo. (10)

1 Yena
2 Bona
3 Wona
4 Yona
5 Lona
6 Wona
7 Sona
8 Zona
9 Yona
10 Zona
11 Lona

3.Bhala isabizwana soqobo (absolute pronoun) esikhundleni (instead of) sebizo. Make sure that your sentence makes sense.

Isibonelo: (i) *Bona* badlala ibhola esikoleni.

(ii) *Abafana* badlala ibhola esikoleni.

*3.1* *Izingane* ziyabathanda abazali bazo.
*3.2* Umngani wami ufuna ukuthenga *incwadi.*
*3.3* UZakhona uphatha *isikhwama* esisindayo esikoleni.
*3.4* *Amadada* ayabhukuda edanyini ekhaya.
*3.5* Abantu bayathanda ukuthenga *ukudla* okumnandi. (10)

14 bona
15 khona/bona

4. Buka isithombe esilandelayo bese ubhala imisho ibe ukuphika (negative

Isibonelo: Izivakashi *zibhukuda* olwandle eKapa.

Izivakashi *azibhukudi* olwandle eKapa.



4.1 Abazali ***bahamba*** nezingane zabo bayothengela uKhisimusi.
4.2 Umfana ***ugibela*** ibhayisikili phakathi esitolo.
4.3 Ezinye izingane ***zibuka*** amathoyizi eziwathandayo.
4.4 Intombazane ***idlala*** isiginci esitolo.
4.5 Isihlahla sikaKhisimusi ***sikhanya*** amalambu.

(10)

5. Shintsha amagama adwetshelwe (underline) uwenze ondaweni ( locatives )
Isibonelo: (i) Umalume usebenza ibhange i-FNB.
(ii) Umalume usebenza ebhange i-FNB.




5.1 USabelo uyabhaka *ikhishi* ekhaya nabanye abafundi.
5.2 *Indishi* bahlanganisa konke abazokubhaka.
5.3 Abazopheka *isitofu* ngoba bazobhaka kuphela.
5.4 Amaqanda bazowafaka *ubisi* uma sebezofaka epanini.
5.5 UNtombi ucele *umama* wakhe ukuthi azobhaka noSabelo.

(10)

**ISAMBA [100]**